

IHhovisi lakwaSARS Elilawula Impahla Emngceleni libeke izinhlelo zezimo eziphuthumayo emingceleni ngesikhathi sesiteleka

Tshwane, 15 kuNtulikazi 2022 – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) luthanda ukuqinisekisa abahwebi nabahambi ukuthi lubeke izindlela ezahlukene zokubhekana nezimo eziphuthumayo emingceleni ukuqinisekisa ukuthi ukuphazamiseka kuba kuncane njengoba kusenesiteleka esiqhubekayo kwaSARS.

USARS uzoqinisekisa ukuthi lokhu kuyaqhubeka nokwenzeka ngisho nangesikhathi sesiteleka esiqhubekayo:

- Ukusetshenzwa kwamadokhumenti okudalula kuzoqhubeka njengenjwayelo;
- Ukuhlolwa kwezimpahla izisebenzi nakho kuzoqhubeka njengenjwayelo, ukuphuthulwa kokuhlolwa kwempahla kuzokwenziwa endaweni eyodwa futhi kuzobhekwa njalo emahoreni angama-24;
- Abohwebo bazisiwe ngezinhlelo zesikhashana ezibekiwe mayelana nokugunyazwa nokuphathwa kwezitifiketi zemvelaphi ze-SADC zempahla ethuthwe yeqiswa imingcele. Incwadi mayelana nalokhu ishicilelwe kusizindalwazi namuhla
- Ukusebenza kwemingcele kuzoqhubeka njengenjwayelo ngezisebenzi ezikhona zesekeka izisebenzi zakwaSARS ezijutshwe zivela eHhovisi Elikhulu nakwezinye izifunda. Amakhasimende ayagqugquzelwa ukuba asebenzise ezinye izintuba zokungena uma isidingo siba khona.

USARS uzimisele ukwazisa abohwebo ngezinhlelo zezimo eziphuthumayo ezihleliwe mayelana nesiteleka ukuze kuqinisekise ukuqhutshwa kohwebo ngendlela engenazihibe. Sicela uvakashele isizindalwazi sakwaSARS ukuze uthole ulwazi lwakamuva ngamagatsha akwaSARS noma ngemingcele okungase kube ukuthi ivaliwe: [Latest on the SARS Industrial action impact | South African Revenue Service](#). Abahwebi abanezinkinga eziphuthumayo noma imibuzo bangathumela i-imeyili kuleli kheli OSC@sars.gov.za.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za